NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
MAY 2024

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA: IPHEPHA I
ISIZULU FIRST ADDITIONAL LANGUAGE: PAPER I

Isikhathi: Amahora ama-2½ Amamaki ayi-100

QAPHELA LOKHU OKULANDELAYO

1. Leli phepha linamakhasi ayi-19. Qiniseka ukuthi nelakho liphelele.
2. Leli phepha lineziqephu EZINE.
3. Phendula zonke IZIQEPHU.
4. Qala isiqephu ekhasini elisha.
5. Izinombolo zezimpendulo zakho mazibe njengasephepheni, UNGAZIGUQULI.
6. Qiniseka ukuthi awuyixovi imibuzo.
7. Phendula yonke imibuzo ngesiZulu.
8. Shiya umugqa emva kwempendulo.
9. Bhala ngokucacileyo nangobunono ukuze kube lula ukumaka umsebenzi wakho.

IEB Copyright © 2024

ISIQEPHU A ISIFUNDO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

IDAYARI KASPATSHA AWONKE MNTUNGWA OZOBA NOMCIMBI WOKUBUNGAZA USUKU LWAKHE LOKUZALWA MHLA ZINGU-21 KUNTULIKAZI 2024

NgoMsombuluko mhla zingu 3 kuNhlaba 2024

- Ngalolu suku ngizofuna ihhotela elitholakala eduze nolwandle, eKapa. Kuleli hhotela kufanele kube khona ihholo elincane futhi elihle ngoba ngifuna ukuthi mina, abangani bami nomndeni wami sihlale kule ndawo ngempelasonto yokugubha usuku lwami lokuzalwa. Ngithanda indawo eseduze nolwandle ngoba ngithanda ukubhukuda. Uma ngithola le ndawo nomndeni wami uzojabula. Ngizoyithola indawo bese ngicela ubaba ukuthi akhokhele zonke izindleko zayo. Ubaba uthe: "Mntanami, uyangijabulisa mina nomama wakho, uziphethe kahle nomsebenzi wakho wesikole usezingeni eliphezulu ngempela. Ngiyazi ukuthi uzowuphasa ngamalengiso umatikuletsheni ngokuphela konyaka. Ngifuna ukukwenzela indumezulu yomcimbi ***for your 18th birthday***. Ngakho-ke, hlela ukuthi ufunani futhi ufuna kube khona obani emcimbini wakho. Ngizozikhokhela zonke izidingo."

- Ngifuna ihhotela elinalokhu okulandelayo:
  - Amagumbi okulala abantu abangama-40
  - Ibhulakufesi
  - Ukudla komcimbi i-*Buffet* enezidlo ezintathu
  - Indawo yokudayisa lonke uhlobo lweziphuzo, ibha
  - I-*WiFi* yamahhala
  - Indawo yokupaka izimoto eziningi

NgoLwesibili mhla zingu 4 kuNhlaba 2024

Ngizofonela umthwebuli wezithombe kumakhalekhukhwini wakhe. Ngizokhuluma naye ukuthi kufanele enze isimemo sevidiyo esinezithombe zami engizozithatha kwi-*Instagram*. Ngizojabula uma abangani bami nezihlobo bethola isimemo ngaphambi komhlaka 21 kuyo inyanga kaNhlaba. Lesi simemo kufanele sibe nalokhu okulandelayo:

- Umculo ohambisana nendikimba
- Izithombe zami ezinhle
- Usuku lomcimbi nesikhathi
- Indlela yokugqoka
- Igama lendawo nekheli

Ngizomcela ukuthi afike kulo mcimbi ukuze athathe izithombe futhi athathe nevidiyo.

NgoLwesithathu mhla zingu 5 kuNhlaba 2024

- Ngizobheka inkampani ehlobisayo ku-*Facebook* ne-*Instagram*. Ngivamise ukubona izikhangiso zabantu abahlobisayo lapha. Ngifuna abantu abazokwenza umsebenzi osezingeni eliphezulu.

IEB Copyright © 2024

- Ngifuna indikimba yasolwandle futhi enemibala u-***blue and silver***
  Isoka lami u-Sphithiphithi linabazali abanenkampani yokuhlobisa. Lithe lizocela abazali balo ukuthi bahlobise ngo 50% *discount* emcimbini wami kodwa angifuni ngoba angisafuni ukuthandana nalo. Linamanga kakhulu. Lithe ngeke liye kwi-*Matric dance* yesikole salo ngoba lizobe linomdlalo we-*Rugby* njengoba lidlalela iNingizimu Afrika. Umngani wami uthe ubekhona ehamba nentombazane efunda ibanga leshumi nanye esikoleni sakhe uSphithiphithi. Ngimthumele umyalezo kodwa **wayishaya indiva** indaba yami wangangiphendula. Ngakho-ke, angimfuni uSphithiphithi eduze kwami, ngithukuthele.

NgoLwesine mhla zingu 6 kuNhlaba 2024

- Umama wami unesitolo sokubhaka amakhekhe. Kulula kakhulu ngoba ngizokhuluma naye ngichaze ukuthi ngifuna ikhekhe elinjani.
- Ngiyajabula ngoba umama uyawazi umsebenzi wakhe futhi uyawuthanda kakhulu. Uzoveza umbono wakhe uma ngidinga usizo.
- Nakhu engifisa kube khona ekhekheni:
  – Ngifuna libe nesimo somkhumbi
  – Libe wuhlobo olunambitheka njengoshokoledi omhlophe nonsundu
  – Ngifuna kubhalwe ukuthi: ***"Spatsha is turning 18"***
  – Ngifuna amakhekhe amancane abizwa ngama-*cupcakes* azoba nesimo samahlengethwa (*penguins*)

NgoLwesihlanu mhla zingu 7 kuNhlaba 2024

- Ngizoxhumana noDJ Zinhle, ongusaziwayo ezweni lethu. Ngiyayithanda indlela adlala ngayo umculo.
- Sengiqalile ngenza ucwaningo ngaye futhi ngiyamlandela kwi-*Instagram*. Muhle u-DJ Zinhle futhi ungowesifazane oyisibonelo esihle kithina mantombazane asakhula.
- Ngalolu suku ngifuna ukucela uSomizi ukuthi aphathe uhlelo. Naye ungusaziwayo engimlandelayo kwi-Instagram ne-*TikTok*. Okuhle ukuthi uSomizi ungumngani ka-anti wami ngoba basebenza emkhakheni ofanayo kwezikaqedisizungu (*entertainment*). Wayekhona emcimbini wokugubha usuku lokuzalwa kuka-anti wami ngonyaka odlule. Sasihleli naye etafuleni ngamcela ukuthi afike uma senginomcimbi wosuku lwami lokuzalwa, wavuma. Ngakho-ke, kuzoba lula ukuxhumana naye.

Umndeni wami **udla izambane likapondo**. Nginesiqiniseko sokuthi lokhu kuzoba yimpumelelo.

[Umbhalo wokuziqambela]

IEB Copyright © 2024

1.1 Phendula ngokuthi **YIQINISO** noma **NGAMANGA**.

1.1.1 Idayari kaSpatsha imayelana nokwenzeke emcimbini wakhe. (½)

1.1.2 Ubaba kaSpatsha usezikhokhele zonke izindleko zomcimbi. (½)

1.1.3 Umnikazi womcimbi ufunda ibanga leshumi nambili. (½)

1.1.4 Le dayari yabhalwa ngenyanga yesine onyakeni. (½)

1.2 Umcimbi wani lo awuhlelayo uSpatsha? (1)

1.3 Uzokwenzeka **nini** futhi **kusiphi isifundazwe** lo mcimbi? (2)

1.4 Osaziwayo abathandwa nguSpatsha uvamise ukubabona kuziphi izinkundla zokuxhumana? Bhala ezimbili. (2)

1.5 Umcimbi onjani obizwa ngokuthi yindumezulu yomcimbi? (1)

1.6 Endabeni, thola lokhu.

1.6.1 izitha **(umqondophika)** (1)

1.6.2 ucingo **(umqondofana)** (1)

1.7 Humusha ngesiZulu.

"Spatsha is turning 18" (inombolo mayibe ngamagama esiZulu). (2)

1.8 USpatsha nomndeni wakhe banobudlelwano obuhle. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu amabili. (2)

1.9 Chaza lezi **zimo zokukhuluma**.

1.9.1 Ukushaya indiva. (1)

1.9.2 Ukudla izambane likapondo. (1)

1.10 Wena unguSpatsha, ungenzenjani noma ungathini kuSphithiphithi? Bhala amaphuzu amabili. (2)

[18]

IEB Copyright © 2024

UMBUZO 2

Sebenzisa ikhathuni engezansi ukuphendula imibuzo elandelayo.



[Isithombe sithathwe: <www.google.com>]

2.1 Bangaki abantu abamile kule khathuni? Bhala inombolo ngamagama esiZulu. (1)

2.2 Gcwalisa ngegama elilodwa. (Bhala impendulo ebhukwini lezimpendulo.)

2.2.1 Umfana umi _____ kukathisha. (1)

2.2.2 Uthisha ugqoke ihembe no _____. (1)

2.2.3 Uthisha ugobise ikhanda wabheka _____ kulesi sithombe esiphakathi nendawo. (1)

2.3 Ubukeka enjani lo mfana omile? (1)

2.4 "Yini engingayenza ngaphandle kwalokho?" Siza uthisha ukuphendula lo mbuzo ngamaphuzu amabili. (2)
[7]

IEB Copyright © 2024

UMBUZO 3

Sebenzisa ikhathuni engezansi ukuphendula imibuzo elandelayo.



[Isithombe sithathwe: <www.google.com>]

3.1 Ngokwekhathuni, yisiphi isikhathi sonyaka lesi? Bhala ngesiZulu. (½)

3.2 Ngokwekhathuni, ulwesingaki namuhla? Bhala usuku ngesiZulu. (½)

3.3 Linjani izulu ngokwekhathuni? Bhala ngesiZulu. (1)

3.4 Ukhathazwa yini uthisha? (1)

3.5 Intombazane ehleli phansi iyikholwa. Sekela lesi sitatimende. (1)

3.6 Nikeza le khathuni isihloko esiyifanele. Isihloko sakho masibe namagama amathathu kuya kwamahlanu. (1)
[5]

Amamaki angama-30

IEB Copyright © 2024

ISIQEPHU B UKUFINGQA

UMBUZO 4

- Funda le ndatshana bese UYIFINGQA ngamagama **angama-50 kuya kwangama-60**.
- Bhala amaphuzu AMAHLANU ngemisho ephelele.
- Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela **kweyoku-1 kuya kweyesi-5** NOMA **amabhulethi**.
- Sebenzisa amagama akho emishweni. UNGABHALI isigaba.
- Bhala kube **yinkulumo mbiko** (*reported speech*).
- Sebenzisa ulimi oluhle.
- Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile, bhala INANI lamagama owasebenzisile.

USUKU LOKUQALA LUKA-AYANDA



[Isithombe sithathwe: <www.google.com>]

u-Aphiwe: Sawubona Ayanda, siyakwamukela eSiyadlisa College! Ngiyakujabulela ukuba ngumeluleki (*mentor*) wakho.

u-Ayanda: Yebo Aphiwe, ngiyabonga, nami ngiyajabula.

u- Aphiwe: Yini unamahloni? Ungesabi, khuluma ukhululeke mfowethu.

u-Ayanda: Ngiyesaba impela njengoba ngizoqala ibanga lesishiyagalombili esikoleni esisha. Aphiwe, anginabo abangani mina lapha.

u-Aphiwe: Uzojwayela, nami ngafika lapha ngizofunda ibanga 8, bheka manje ngisebangeni likamatikuletsheni.

u-Ayanda: Belunjani uhambo lwakho uze ufike ku-*matric* mfowethu?

IEB Copyright © 2024

u-Aphiwe: Ngeke kuhlale kumnandi. Uyabona njengoba usesikoleni sabafana bodwa kufanele uqine. Awekho amantombazane lapha (*ehleka*).

u-Ayanda: Ngiyazi. Ubaba wayefunda lapha. Ngakho-ke, uyi *old boy* yakhona lapha eSiyadlisa College. Ubaba uthi wayedlala imidlalo eminingi.

u-Aphiwe: Uqinisile ubaba wakho, kunemidlalo eminingi kodwa okubaluleke kakhulu yizifundo zakho bhuti omncane. Othisha balapha banomthetho oqinile. Uma ungawenzi umsebenzi wesikole kuzothunyelwa i-imeyili noma bashayele abazali bakho ucingo ukuze bakubeke icala lokuba ngumfundi ongalaleli futhi oyivila.

u-Ayanda: Yimiphi imiphumela yokungawenzi umsebenzi wesikole?

u-Aphiwe: (*Esukuma*), uma ungawenzi uzofeyila angithi? Ngaphandle kwalokho, uthola isijeziso sokuthi awuyi emidlalweni yesikole, ikakhulukazi le oyithandayo. Kufanele uhlale esikoleni ngoLwesihlanu uma kuphuma isikole kuze kushaye ihora lesithupha kusihlwa.

u-Ayanda: Hawu!

u- Aphiwe: Khumbula ukuthi uma ungayi emidlalweni yesikole nabaqeqeshi bakho bazokukhipha eqenjini. Yize kunjalo, abaqeqeshi nabo bazokujezisa ngaphambi kokuthi uphume eqenjini.

u-Ayanda: Kanjani?

u-Aphiwe: Ngiyabona wena ucabanga ukuthi kulula. Uma kunomdlalo omkhulu abaqeqeshi abakuvumeli ukuthi udlale kepha kufanele uhlale ebhentshini unike abadlali amanzi uma befuna ukuphuza lawo manzi.

U-Ayanda: Aphiwe, ngiyasaba! Kanti ukufunda esikoleni esiphakeme kunzima kangaka?

u-Aphiwe: Ungasabi mfowethu. Ngikhona mina ngizoba yi-*mentor* yakho ngize ngiqede ekupheleni konyaka.

u-Ayanda: Ngiyabonga!

u-Aphiwe: Kulungile, asihambe siye emakilasini manje! Ngikufisela impumelelo. Sizobonana ngesikhathi sekhefu.

[Umbhalo wokuziqambela]

Ekufingqeni kwakho bheka lokhu:

- Abantu abakhulumayo nokuhlobana kwabo. (Chaza ukuthi bazana kanjani.)
- Isizinda sengxoxo.
- Izinkinga zomlingiswa omncane.
- Iziyalo zomlingiswa omdala.
- Chaza indlela abakhulumisana ngayo nokuthi ichazani ngabo.

IEB Copyright © 2024

UKWABIWA KWAMAMAKI

Ingqikithi:	Amaphuzu amahlanu akhona futhi enza umqondo.	(5)
Ulimi:	Lusetshenziswe kahle, alunamaphutha.	(2)
Amagama omfundi:	Umfundi usebenzise inkulumo mbiko	(1)
Amaphuzu:	Izinombolo noma amabhulethi.	(1)
Inani:	Amagama esephelele **angama-50 kuya kwangama-60** futhi abhaliwe.	(1)

Amamaki ayi-10

IEB Copyright © 2024

ISIQEPHU C IZINKONDLO

UMBUZO 5

Funda le nkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Inkondlo A – Efundwe ekilasini

Woza s'thandwa sami,
Sihlale ngaphansi kwesihlahla somnduze.
Woza s'thandwa senhliziyo yami.
Nqampuna nanku umnduze ungondle.
Kuthi nxashana usuwushutheka emlonyeni kimi,
Bese kuthi cosololo,
Nenhliziyo isho igubhe kuhle kwamagagasi anamandla.
Umqondo wami usuyazulazula namehlo kawasaboni,
sekunofasimbe kimi.
Hawu! Ngiyakuthanda mntanomuntu.
Asihlale, sigobe amadlangala ngaphansi kwalesi sihlahla somnduze,
Sakhe isikanekiso sothando lwethu.

Sengiphelele lapha kuwe s'thandwa sami,
Sengikhehleke amadolo – asiyelule le mini,
Sihlale sibuke amafu amhlophe namnyama.
Kula mafu ngibona isithunzi sakho nesami.
Asisale sesihamba silifulathele leli lakithi, siduke nezwe.
Phinda unqampune nanku umnduze,
Ugijimise imizwa yami.
Khuluma kimi, ngihlebele sithandwa sami,
Ngitshele themba lami ukuthi uyangithanda;
Ngiyawabona amehlo akho asephenduke ibhola lomlilo,
Ngiyasizwa isilokozane nesibibithwane sakho,
Nezinyembezi zilokhu zigeleza njengezimpophoma,
Sezize zaba ngamathantala.
Dlana nanku umnduze s'thandwa sami,
Sondela kimi ngange.

Ungabe usakhala s'thandwa sami,
Khohlwa ile mbiza yamanzi.
Asiyiphahlaze phansi sithathe ucezu,
Esiyolubekela izingane zethu.
Abakwenu sebeyobona.
Ngethembise sithandwa sami,
Ukuyongizalela izintombi eziyogana amaqhawe.
Uma nginawe s'thandwa ngisho kungaqhamuka ingwe,
Iphelekezelwa ibhubesi ngiyoyinephula ngezandla.
Asihambe s’thandwa sami,
Liyokuthi liqambe lizilahla kunina kusasa,
Siyokube sesingene eBhodwe.

IEB Copyright © 2024

40 Nqampuna nanku umnduze s'thandwa sami ungondle,
41 Umpheme wamaqabunga alo mnduze angemboza,
42 Njengawe sihlahla somyezane,
43 Ngisho ngikhumbule amaqhawe kaZulu,
44 Okwakuthi nxashane esecolwa ngawo kuvuke imizwa,
45 Namadlingozi ngokuhlabana kwawo.
46 Ingani nami sengihlabene s'thandwa sami ngawe.
47 Nami njengeqhawe lothando ngithi kini maqhawe-
48 Othando asilifulatheleni leli.
49 Niyadela nina eseniseBhodwe,
50 Kulapho nami nesithandwa senhliziyo yami,
51 Isiponono sami siyophelela khona.

– Nhlakanipho Zulu

5.1 Bhala isihloko sale nkondlo. (1)

5.2 Ikhuluma nobani imbongi kule nkondlo? (1)

5.3 Bakuphi njengoba bekhuluma nje? Esitanzeni sokuqala, tomula umugqa osekela impendulo yakho. (1)

5.4 Enkondlweni, tomula lokhu.

5.4.1 isenzukuthi (esitanzeni sokuqala) (1)

5.4.2 isifaniso (esitanzeni sesibili) (1)

5.4.3 ukwenzasamuntu (esitanzeni sesibili) (1)

5.5 Umugqa 24, uchaza isimo esithile. Kwenzakalani lapha? (1)

5.6 Ngamazwi akho, iqonde ukuthini imbongi emgqeni wama-46? (1)

5.7 Hlobo luni lwenkondlo lolu? Kungani usho njalo? (2)

5.8 Nikeza le nkondlo indikimba efanele. (1)
[11]

IEB Copyright © 2024

UMBUZO 6

Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Inkondlo B – Efundwe ekilasini

UBUHLE BENTOMBI

Nab' ubuhle bentombi yakwaZulu,
Bungithinta emanonini njengomzwilili wezulu,
Libafazi bedube inyama kungemnyama bhuqe.

Sengibathe ngiqinisa untanjana,
Ngizama ukusika ukhasi eNtunjana,
Ayinginaki nakung' naka bakwethu le ntonjana.

Ngithe ngizama ukuyiqabula, manqa!
Kwangathi ngithinta isixhanti sezibonkolo:
"Hlukana nami **sbotho** ndini!
Angisiyo i-*type* yakho mfo ndini."
Kwasimze kwacaca ukuthi ayingangami;
Wo-hhe, kazi ngiyomtholaphi ongangami?

– Bongani Mvuso

6.1 Khetha impendulo efanele.

6.1.1 Isihloko esithi 'Ubuhle bentombi'

(a) Sichaza indlela owesifazane abukeka ngayo
(b) Indlela imbongi ebukeka ngayo
(c) Indlela yowesifazane nowesilisa abakhuluma ngayo (1)

6.1.2 **Esitanzeni sokuqala** imbongi ibonisa imizwa.

(a) yokuthukuthela
(b) yokujabula
(c) yokudangala (1)

6.2 Enkondlweni, thola amagama asho lokhu.

6.2.1 uthayi (1)

6.2.2 ukwanga (1)

6.3 Chaza lezi zimo zokukhuluma.

6.3.1 bungithinta emanonini (2). (1)

6.3.2 ukusika ukhasi (5). (1)

6.3.3 kwangathi ngithinta isixhanti sezibonkolo (8). (1)

IEB Copyright © 2024

6.4 Umuntu onjani oyisibotho? (1)

6.5 Sasinjani isimo sembongi ngenkathi ibhala le nkondlo? (1)
[9]

UMBUZO 7

Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Inkondlo C – Engafundwanga ekilasini

YIMINA LOWO – L. W. B. Mathenjwa

Ngimkhulu ngiyathandeka,
Ngicwebile kwabangibonayo,
Nginamakha kwabangithandayo,
Ngimtoti kwabangidingayo.

Ngitholakala ndawo zonke,
Emcimbini ngiyaphakanyiswa,
Kwabahlangene ngingundabizekwayo
Yimina-ke lowo.

Ngimkhulu ezinsizweni ngidumile,
Ngidumile ezintombini,
Ngiyindod' emadodeni,
Yimina-ke lowo.

Izinsizwa ngizishaya phansi,
Izintombi ngizishaya phansi,
Abadala ngibenz' inhlekisa,
Yimina-ke lowo.

Ngibashis' imilomo basangane,
Ngizosa bezwa izibindi,
Ngibashis' emini bebade,
Ngiluketshezi ngiyantengantenga,
Yimina-ke lowo.

7.1 Isigqi sale nkondlo siyanensa. Sekela lesi sitatimende. (1)

7.2 Tomula impindwa enkondlweni. (1)

7.3 Kungani imbongi isebenzise impindwa kule nkondlo? (1)

IEB Copyright © 2024

7.4 Thola lokhu enkondlweni.

7.4.1 Uhlobo nesibonelo **semvumelwano**, estanzeni sokuqala. (2)

7.4.2 Uhlobo nesibonelo **sokuxhumana**, estanzeni sesithathu. (2)

7.5 Hlobo luni lwefanamsindo olugqamile **emgqeni wesikhombisa**? (1)

7.6 Phawula ngalokhu ubhekise enkondlweni.

7.6.1 Izitanza (1)

7.6.2 Imigqa (1)
[10]

Amamaki angama-30

IEB Copyright © 2024

ISIQEPHU D UKUSETSHENZISWA KOLIMI NOHLELO

UMBUZO 8

Sebenzisa ikhathuni engezansi ukuphendula imibuzo elandelayo.



[Isithombe: <Google.com>]

8.1 Gcwalisa ezikhaleni ukuze kwenze umqondo. Bhala impendulo kuphela.

Abantu besifazane **8.1.1** ba__ (emhlanganweni). Ngenyanga **8.1.2** ____ (-zayo) bafuna ukuvakashela eKapa. Bahlela **8.1.3** _____ (-hamba) **8.1.4** _____ (indiza). (4)

8.2 Bhala **isabizwana soqobo** esikhundleni samabizo agqamile. Bhala impendulo kuphela.

8.2.1 **Amakhosikazi** azoya eKapa. (1)

8.2.2 Uthi **ingane** yakhe uzoyikhumbula. (1)

8.2.3 **Umhlangano** wabo ubumfishane. (1)

8.3 Bhala isabizwana **sokukhomba eduze**. **Bhala umusho ophelele.**

8.3.1 ___ indawo incane. (1)

8.3.2 ___ amakhosikazi ahlangana njalo. (1)

8.3.3 ___ isihlalo sinamasondo. (1)

[10]

IEB Copyright © 2024

UMBUZO 9

Sebenzisa isithombe esingezansi ukuphendula imibuzo ezolandela.

ISIMEMO

Umndeni wakwaKhumalo

uyanimema emcimbini wendodakazi yabo

uLungi



Uzobe embeswa yindodana yakwaNdlovu

uSihle

[Izithombe zicashunwe: Google.com]

9.1 Guqula **amagama agqamile** ukuphikisa imisho elandelayo.

9.1.1 ULungi **uyintombazane** ethandwa yisoka layo. (1)

9.1.2 Lezi zithandani **zizoshada** maduzane. (1)

9.1.3 Umndeni **uzopheka** kamnandi. (1)

9.1.4 **Lihle** ikhadi labo lesimemo. (1)

IEB Copyright © 2024

9.2 Khetha **isibanjalo** esifanele kubakaki. **Bhala impendulo kuphela.**

9.2.1 **[ngabantu/ umuntu/ yisintu]** abamenyiwe abazoya kulo mcimbi. (1)

9.2.2 Le ndodakazi yaziwa **[ngabona/ yibona/ bona]**. (1)

9.3 Bhala **ubumnini** bamagama akubakaki. **Bhala impendulo kuphela.**

9.3.1 Isibongo (uSihle) nguNdlovu. (1)

9.3.2 Isimemo (umshado) sizoba njani? (1)

9.4 Bhala **imisho ephelele** ngokusebenzisa izihlanganiso ezikubakaki.

9.4.1 ULungi uthandana noSihle. Bazoshada. **(yingakho)** (1)

9.4.2 Izithandani zizoshada. Izithandani zijabulile. **(ngakho-ke)** (1)

[10]

IEB Copyright © 2024

UMBUZO 10

Sebenzisa ikhathuni engezansi ukuphendula imibuzo elandelayo.



[Isithombe: <Google.com>]

10.1 Bhala **amabizoqoqa** esikhundleni samagama akubakaki. Bhala impendulo kuphela.

10.1.1 Umkhulu uhlala **(namakati, izinja nezinyoni)**. (1)

10.1.2 Umfundisi uthanda **(abantwana bakhe nonkosikazi wakhe)**. (1)

10.2 Bhala **ondaweni** abafanele esikhundleni samabizo akubakaki. Bhala impendulo kuphela.

10.2.1 Amakhehla aphuzela (itafula). (1)

10.2.2 Umkhulu ufake izibuko (amehlo) akhe. (1)

10.2.3 Uthi uzoya (abantwana) bakhe. (1)

10.3 **Nciphisa** amagama alandelayo.

10.3.1 izibuko (1)

10.3.2 amakati (1)

10.3.3 abantwana (1)

IEB Copyright © 2024

10.4 Bhala **izifinyezo** zamagama alandelayo.

10.4.1 unkosikazi (1)

10.4.2 mfundisi (1)
[10]

Amamaki angama-30

Amamaki esewonke: 100

IEB Copyright © 2024